

**HILLCREST HIGH SCHOOL**

**UKUHLOLWA KWAMANQAMU KUKANOVEMBA /DISEMBA 2015**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZELELA**

**IBANGA LESHUMI NANYE (GRADE 11)**

**IPHEPHA LESITHATHU (PAPER 3)**

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: 2 AMAHORA**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO:**

1. Leli phepha lehlukaniwe **IZIQEPHU EZINTATHU:**

**ISIQEPHU A:** Indaba (50)

**ISIQEPHU B:** Imibhalo emide edlulisa imiyalezo. (30)

**ISIQEPHU C:** Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo. (20)

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.
3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.
4. Qala umbuzo ngaMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Qiniseka ukuthi ubhala uhlaka ngaphambi kokubhala indaba yakho.
6. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephapheni lemibuzo.
7. Bhala izihlokwana lapho zidingeka khona.
8. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**ISIQEPHU A: INDABA**

**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi- 190 kuya Kwangama – 240.

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lvalo lodwa ngaphambi kwendaba.

1.1. Bhala indaba ngesihloko esithi:

Ekugcineni Ngakwazi Ukuthatha Isinqumo Esifanele. [50]

1.2. Bhala indaba ngesihloko esithi :

Wonke Umuntu Unayo Imfihlo Yakhe. [50]

1.3. Kuningi okufisayo ngekusasa lakho, ufuna ukuphila impilo engcono kakhulu.

Bhala indaba ngesihloko esithi:

Leli Yiphupho Lami. [50]

1.4. Bhala indaba ngesihloko esithi:

Abesifazane Benza Kangcono Kwezamabhizinisi Kunabelisa. [50]


1.5. Bhala indaba ngesihloko esithi:

Ubuhle Nobubi Bokukhuliswa Abazali Okungesibona Abakho. [50]

1.6. Bukhulisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba.

Nika Indaba yakho isihloko.

1.6.1.



[Sicashunwe kuDiscovery Magazine 2013]

[50]

1.6.2.



[www.googlepictures.com]

[50]

1.6.3.



[Sicashurwa ku-[www.d'saster.com](http://www.d'saster.com)]

[50]

AMAMAKI ESIQEPHU A : 50

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA UMYALEZO

### UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama -80 kuya kwayi -100

#### 2.1. Incwadi yobungani

Udadewenu noma umfowenu ohlala e-Italy ukuthengele wakuthumelela izicathulo zikanokusho

Ukuze uzigqoke emcimbini wokuvalelisa kwabafundi bebanga le-12. Mbhalele **incwadi**

Ubonge ungcongcoze ngalo musa akwenzele wona. [30]

#### 2.2. Umlando kamufi.

Umfowenu omdala obeningamathe nolimi naye ushona ngesonto elidlule. Umndeni uqoke wena ukuba ufunde umlando wempilo yakhe ngosuku lomngcwabo. Bhala phansi -ke

**Umlando kamufi.** [30]

#### 2.3. Ingxoxo

Njengoba iNingizimu Afrika kade ikhungethwe umbhiklsho wezitshudeni zaseManyuvesi ngendaba yemali yokufunda. Imibono yabantu ihlakahlukene ngale ndaba yokukhokha noma kungakhokhwa ezikhungweni zemfundo ephakeme. Bhala **Ingxoxo** phakathi kwabafundi ababili

baseNyuvesi abanemibono eshayisanayo ngalolu daba. [30]

#### 2.4. Amaminithi omhlangano

Ungunobhala wesigungu esengamele ikhlabhu yehhala labantwana bangakini abangaphansi kweminyaka eyi - 16. Namuhla nihlangene ukuzobhanga izindaba zokuthuthukisa leli qembu ngonyaka ozayo nakhu phela unyaka usuya emaphethelweni. Bhala phansi. **Amaminithi** alo mhlango. [30]

## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama- 60 kuya kwangama -80.

#### 3.1. Ikhadi lesimemo


Wena nabafowenu nizobe nenzele abazali benu umcimbi wokubabonga ngokunikhulisa kahle nize nizimele. Bhala **Ikhadi lesimemo** enizomema ngalo izihlobo nabangani ukuba bazonibungazisa abazali benu. [20]

#### 3.2. Idayari

Udadewenu uzobe eshado ngoMgqibelo, ngokwesiko uzobe engasaphumi ekhaya kusukela ngoLwesithathu, ngakho-ke ucele wena ukuba uqedele zonke izinto ngaphambi kosuku lomshado. Bhala **Idayari-ke** yezinsuku ezintathu kusuka kuLwesithathu kuya kuLwesihlanu ngalokho ozobe ukwenza mayelana namalungiselelo omshado. [20]

#### 3.3. Inkombandlela

Umngani wakho ongalazi idolobha uthi nizohlangana eClub house esuka kuStation Road. Sebenzisa le **nkombandlela** elandelayo ukumyalela indlela ulandela imicibisholo. [20]



[Sicashunwe ku-[www.mbps.com](http://www.mbps.com)]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20

AMAMAKI ESEWONKE :100